INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMBIZWENI KAVUKUZAKHE ETHEKWINI NGOLWESIHLANU, 30TH SEPTEMBER 2005.

Ngiyanibingelela nonke

- Kuyintokozo kimina ukuba nginamukele kule Mbizo yethu kaVukuzakhe.

- Okokuqala nje, ngithanda ukubonga bonke abasemkhakheni wezokwakha ngokwehlukana kwabo abakwaze ukuba nathi namhlanje.

- UNgqongqoshe wezeMisebenzi yoMphakathi kuzwelonke uNks. Stella Sigcau, ubekele le mboni yezokwakha inselelo yokuthi ngonyaka ka-2008 ibe isingaphezulu kuka-30% ingxenye yale mboni ephethwe ngabamnyama.

- Inselelo esinayo njengamanje ngukuqinisekisa ukuthi nakanjani lo 30% uphathwa ngosonkontileka okumanje abasemazingeni aphansi. Kanti futhi kuyo kuhle kakhulu uma labo sonkontileka beqhamuka KwaZulu-Natal.

- Njengamanje ngizothanda ukunikhumbuza ukuthi phela kungaba ubuhlakani kubaphathi balo mkhakha wezokwakha ukuba babheke amathuba okusebenzisana nabanye osonkontileka abamnyama asebeyizi khondlakhondla kuleli bhizinisi, nokuyibona asebelazi kahle.

- Sikhuluma nje izinkampani zokwakha ezimbalwa ezinkulu njengo-Group 5, i-Aveng no-Murray and Roberts, zisanda kumemezela izinhlelo ezisabalele lapho zizibophezela ngokulandela imigomo yokulingana.

- U-Ngqongqoshe uSigcau embonini yezokwakha usibekele umgomo ka 30%. Siyazama ukukufeza lokhu kodwa osonkontileka abasafufusa abamnyama yima besazoba ingxenye yalezi zinhlelo ngokuphelele.

- Phezu kokuba uhlelo lwethu lukaVukuzakhe lwenze kahle kule minyaka embalwa edlule, kudingeka silubuyekeze lolu hlelo ukuze siqinisekise ukuthi osonkontileka

abasafufufsa bayahlomula ekuthuthukisweni kwalo mkhakha wezokwakha. Kumele bahlomule nakulo mgomo omusha uhulumeni asuwakhile ngenhloso yokuxhasa uhlelo lokuthuthukiswa kwabamnyama kwezomnotho.

- Ekubuyekezeni lolu hlelo lukaVukuzakhe, uMnyango wethu ubhekisise la maphuzu alandelayo:

- Ngenkathi luqala uhlelo lukaVukuzakhe osonkontileka bebebekelwe umgomo wokwenza umsebenzi wokwakha imigwaqo ewubhuqu kanjalo nokuyigcina isesimweni. Namhlanje, ngenxa yohlelo lwe-African Renaissance Roads Upgrading Programme (ARRUP), osonkontileka bathola ulwazi olunzulu ngokwakha imigwaqo yetiyela, amabhuloho nezindawo zokuhamba amanzi konke okusezingeni eliphezulu.

Osonkontileka-ke bazi kahle ukuthi ukusuka emsebenzini wokwenza umgwaqo wobhuqu uya kowetiyela kusho ukusuka ekusebenziseni kakhulu amandla abantu uye ekusebenziseni imishini ebizayo.

Onjiniyela bethu bangitshela ukuthi izidingo zemishini uma kwakhiwa umgwaqo wetiyela zinkulu kakhulu ngokwentengo nangobuchwepheshe, kunokuba kwakhiwa umgwaqo wobhuqu. Ngaleyo ndlela bathi ukuze usonkontileka osafufusa akwazi ukuncintisana ngempumelelo ekutholeni umsebenzi wokwakha umgwaqo wetiyela, kumele abe esenemishini engafinyelela emalini engu-R4,6 million. Uma le mishini ebiza u-R4
,6 million itholakala ngokuboleka imali ebhange, ingakhokhelwa ngenyanga imali engu-R141 000.

- Lolu hlelo lwethu lukaVukuzakhe lwaqalwa ngesikhathi imboni yezokwakha eNingizimu Afrika isenkingeni yokucwila ngendlela eyisimanga.

- Ngesikhathi esinzima sale mboni ubuthola izinkampani ezinkulu kuphakathi kokuthi ziyawunciphisa umsebenzi wazo noma zakhe imifelandawonye noma zivale qobo.

- Namhlanje singasho sithi ezokwakha eNingizimu Afrika zikhula ngendlela ebabazekayo. Lokhu kubonakala nange-Johannesburg Stock Exchange Construction and Building Materials Index ethole u-63% kulo nyaka odlule. Kule minyaka embalwa edlule imboni yethu yezokwakha ikhule ngezinga elisheshayo ngaphezulu ngisho komnotho waseNingizimu Afrika.

- Akekho ongathi udinga ukukhunjuzwa ukuthi kuyimanje sesiqale amalungiselelo eNdebe yoMhlaba ka-2010 kanti iNingizimu Afrika ibhekene neJapan neNew Zealand emkhankasweni wokusingatha iNdebe yoMhlaba ye-Rugby ngo-2011.

- Lapha KwaZulu-Natal kulindeleke ukuthi le mboni enekusasa iphinde ithole ukwesekwa imisebenzi efana neDube Trade Port, ukwakhiwa kwesikhumulo sezindiza iKing Shaka kanye nokunethswa komgwaqo u John Ross Highway.

- Ngalokhu-ke sesingasho sithi imboni yezokwakha eNingizimu Afrika isivukile emaqandeni yafingqa imikhono. Ngokucacile njengamanje kumele sihlelele ikusasa losonkontileka bethu abasafufusa kule mboni ebonakala ilokhu iheha abaningi.

- Eminyakeni yokuqala kaVukuzakhe uMnyango wawunika imisebenzi ngokulandela uhla lwababhalisile kodwa olubukeka lungavulelekile. Lokhu kwakwenza kube nesibalo esithile kuphela sezinkontileka ababhalisile, kuqinisekise futhi ukuthi inkampani ngayinye yaziwa kahle eMnyangweni futhi akukho ukusetshenziswa kwamagama ezinkampani ezincane okwenziwa ezinkulu.

- Ukuvulwa kabusha kwethuba lokubhalisa ohleni lukaVukuzakhe kukhuphule inani laya cishe ku-25 000 wosonkontileka. Kule minyaka edlule sikuqaphele ukuthi kunalaba abayizikhondlakhondla abasebenzisa amagama ezinkampani ezincane kuVukuzakhe. Nangempela, ngenkathi sinombuthano wonyaka ka-2005 oLundi phambilini nonyaka, lolu daba lwaphakanyiswa njengento edinga ukubhekwa ngokushesha. Ngithanda ukuniqinisekisa ukuthi uMnyango wami ngeke ukubekezelele ukucashiswa kwezinkampani ezinkulu emisebenzi yethu. Siwuqeda nya lo mkhuba bese sibhekana kanzima nalabo abatholakala benecala.

- Mayelana nezinsolo zenkohlakalo nje jikelele, ngisenza ucwaningo ngezindlela zokuhlukanisa izenzi zokukhohlakala kulezo ezamukelekile ngokusemthethweni. Isibonelo, uMnyango uzobheka kabusha umgomo mayelana nokuhweba kwabasebenzi bakahulumeni. Ngizoqinisekisa ukuthi uhlelo lwethu lokuhlola lugxila ekubhekeni izinga lomsebenzi kunokubheka ubungako bawo ukuze kuqinisekiswe ukuthi labo okuhloswe ukuba bahlomule kulezi zinhlelo bayasizakala.

- Kumele nihlale nazi ukuthi kuzokuba nomgomo ka ‘100% Compliance’ kuzo zonke izinhlelo zethu kanti noma ngubani, noma osebenza kuhulumeni, inkampani ezimele (consultant) nosonkontileka kaVukuzakhe, uma etholakala enecala lenkohlakalo ngandlela thile uyobhekana nengalo yomthetho.

- Lezi izona zizathu ezisiphonsele inselelo yokuba kesibuyekeze lolu hlelo lukaVukuzakhe. Emizamweni yokuthola indlela eya phambili kumele singakhohlwa wukuthi sakhela phezu kwesisekelo esiqine kakhulu lapha. Phela aziziningi izinhlelo zokuthuthukiswa kwabamnyama kwezomnotho eNingizimu Afrika ezingazishaya isifuba ngomlando ofanayo nokaVukuzakhe.

- Ngizothanda ukusebenzisa leli thuba ngiveze amanye amagalelo kaVukuzakhe kusuka ngo-1998.

  - UMnyango usutshale u-R2.14 billion ohlelweni lukaVukuzakhe.

- Osonkontileka bakaVukuzakhe sebedale imisebenzi engu-155,371, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya lapho ukuntuleka kwemisebenzi kuphezulu kakhulu.

- Sekukonke:

Osonkontileka abangu-864 sebesuke ku-Stage 1 badlulela ku-Stage 1b;

Osonkontileka abangu-319 sebesuke ku-Stage 1b badlulela ku-Stage 2;

Osonkontileka abangu-113 sebesuke ku-Stage 2 badlulela ku-Stage 3;
Osonkontileka abangu-35 sebesuke ku-Stage 3 badlulela ku-Stage 4.

- Kunabafundi abangu-88 abathole ukuqeqeshwa ngama-learnership e-CETA okulindeleke baphothule izifundo bathole izitifiketi zika-Level 2 ngokwe-NQF ngasekupheleni konyaka. Kuyangijabulisa ukumemezela ukuthi iningi lala bafundi abasebenzise la mathuba kahulumeni ahlose ukulethela isizwe amakhono bakhona nathi lapha namhlanje. Ngicela niphakame ukuze bonke banibone.

- Namhlanje osonkontileka abangu-22 bangabanikazi bemishini. Abanye baqashisa ngayo le mishini kwabanye osonkontileka, okwenza bathole imali eyengeziwe.

- Ngiyakuqonda ukuthi osonkontileka abaningi bahlangabezana nezingqinamba eziningi uma bezama ukuthola imishini esezingeni elifanele. Kodwa-ke uMnyango uphezu kocwaningo mayelana nohlelo lokusebenzisana phakathi kukahulumeni nabamabhizinisi abazimele esithi iPublic-Private Partnership, ukuze kutholakale imishini elungele ukusetshenziswa ithimba langaphakathi eMnyangweni kanye nosonkontileka bakaVukuzakhe. Ngifuna ukuniqinisekisa ukuthi sizokwenza okusemandleni ukuthola isixazululo kule nselelo.

- Abanye osonkontileka bethu abaku-Stage 4 manje sebethola imisebenzi nakweminye iminyango, ngokujwayelekile okuba ngeyemali eshisiwe. Isibonelo, uMnuz Zondi, weZondi's Construction, uqale njengosonkontileka ka-Stage 2 ngonyaka ka-1999 enza umsebenzi wokuphesha umgwaqo. Namhlanje, unomsebenzi wokwakha ibhuloho kumasipa Ingwe obiza u-R1,8 million. Ukuncika kwakhe eMnyangweni wezokuThutha kuya ngokuya kuncipha njengoba esesabalala.

- Ababili bosonkontileka bethu abaphumelelayo ngabesifazane, uNkk TP Zondi weThatheni Construction noNkk Irene Gangerdine weSalli's Construction. Ngempela uNkk Gangerdine waba ngomunye wosonkontileka bethu besifazane ngaphansi kohlelo lukaVukuzakhe. Ngonyaka ka-1999, waqala njengosonkontileka ka-Stage 2 enza umsebenzi obiza u-R257 682. Kulo nyaka usengusonkontileka ku-Stage 4 osanda kuqeda umsebenzi wokumba umgwaqo ngesamba sika-R3,2 million. Phakathi kuka-1999 no-2005 ukwaze ukuqeda ngempumelelo imisebenzi eyishumi ebiza u-R9,08 million.

- Ngaphezu kwempumelelo engangabazisi kulo msebenzi wakhe njengohamba phambili kosonkontileka abasafufusa, uNkk Gangerdine akakabi usozigidi.

- Siyaziqhenya ngomlando kaVukuzakhe. Ngempela ngabe ngenza iphutha uma nginganiceli ukuba nihlanganyele nami sishayele ihlombe bonke labo abenze lolu hlelo lukaVukuzakhe lwaba impumelelo.

- Sesihambe indima ende kule minyaka elishumi edlule.

- Ikakhulukazi uma sikhumbula ukuthi amavulandlela alolu hlelo lukaVukuzakhe kwakumele abhekane nezinsolo zokuthi bacwasa ngokwebala futhi baphambana nomthethosisekelo ngoba kubonakala uVukuzakhe ewuhlelo lokuthuthukiswa kwabamnyama (Black Economic Empowerment). Abanye baze basabisa ngokuthatha izinyathelo zomthetho uma uVukuzakhe engavuleleki kuzo zonke izinhlanga. Namhlanje konke lokho sekungumlando. Abaholi bethu bezepolitiki sebakhe ngokomthetho isimo esivumelana nokuthi kube nobulungiswa esimweni senhlalo nesomnotho.

- Nokho-ke, asikwazi ukuvele sithi sekulungile. Sisenendlela eyinselelo kuleli shumi leminyaka elizayo. Siyazi futhi ukuthi kumele senze le ndlela ibe ngeyethemba nempumelelo. Uma sibambisene singakha izisekelo zalo mgomo wokuthuthukiswa kwabamnyama kwezomnotho embonini yezokwakha. Uma sibambisene singakwazi ukubhekana nenselelo uMongameli wethu uMhlonishwa uMnuz Thabo Mbeki asibekele yona. Sesikhombisile ukuthi sinobuholi kulo Mnyango, ubuholi emphakathini wonkana nobuholi phakathi kosonkontileka uqobo lwabo, obukwaziyo ukubhekana nenselelo esizibekele yona eMbizweni kaVukuzakhe.

- Ngala magama ambalwa, ngithanda ukudeda inkundla ngiyinike izikhulu zoMnyango, nethimba labo bonke laba esibabonayo abahlangene ukuba basiholele endleleni eya phambili.

Ngiyabonga